

2022

**ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO
YESABELOZIMALI SESIKHATHI
ESIMAPHAKATHI**

Inkulumo

kaNgqongqoshe

Wezezimali u-

Enoch

Godongwana

26 Okthoba 2022



Somlomo Ohloniphekile;

Umhlonishwa, uMongameli Cyril Ramaphosa;

Umhlonishwa, iPhini likaMongameli uDavid Mabuza; Ozakwethu

Kwikhabhinethi;

Amalungu Emikhandlu Ephethe Yezezimali; Malungu Ahloniphekile;

UMbusi Webhange-Ngodla laseNingizimu Afrika;

UKhomishana Wophiko Lwezentela LwaseNingizimu Afrika; Abantu baseNingizimu Afrika;

Ngizizwa ngihloniphekile ngokwethula le mibhalo elandelayo phambi kwale Ndlu:

- UMthethosivivinywa Wokuchibiyela Ukwahlukaniswa Kwemali wonyaka wezi-2022;
- UMthethosivivinywa Wokulungiswa Ukwabiwa wonyaka wezi-2022;
- UMthethosivivinywa Wokwabiwa Okukhethekile;
- UMthethosivivinywa Wezilinganiso Zonyaka Namanani Emali kanye Nokuchitshiyelwa Kwemithetho Yemali Engenayo wonyaka wezi-2022;
- UMthethosivivinywa Wokuchibiyela Imithetho Yentela wonyaka wezi-2022;
- UMthethosivivinywa Wokuchibiyela Imithetho Yokuphathwa Kwentela wonyaka wezi-2022;
- UHlaka Lwezimali Olubuyekeziwe;
- IZilinganiso Zezindleko Zikazwelonke Ezilungisiwe zonyaka wezi-2022 Zezindleko Zikazwelonke; futhi
- IsiTatimende Senqubomgomo Yesabelozimali Sesikhathi Esimaphakathiwezi-2022.

ISINGENISO

Somlomo, inhloso ebalulekile yalo hulumeni ngukunciphisa ububha, ukungalingani kanye nokuntuleka kwemisebenzi, ukuze kuzuzwe impilo engcono yawo wonke umuntu.

NguMongameli wangaphambilini uNelson Mandela owasikhumbuza ukuthi; "Intando yeningi izoba nokuqukethwe okuncane, futhi ngempela, izophila isikhashana uma singakwazi ukubhekana nezinkinga zethu zenhlalakahle nomnotho emnothweni okhulayo."

Umnotho waseNingizimu Afrika ubungasebenzi kahle iminyaka eminingi.

Izithiyo eziningana zesakhiwo osekunesikhathi eside zikhona zisaqhubeka

nokuphazamisa ukukhula. Lokhu kubandakanya:

- ukuhlinzekwa kukagesi okungathembekile,
- amachweba nohleloxhumano lukaloliwe okubizayo futhi nokungasebenzi kahle,
- ubugebengu nenkohlakalo,
- amandla ombuso abuthakathaka, futhi
- amazinga amakhulu okugxila kwezimakethe kanye nezithiyo zokungena ezicindezela ukuvela nokukhula kwamabhezini amancane.

Lezi zinselelo zidelela imizamo yethu yokudala amathuba emisebenzi, okunegalelo emazingeni amakhulu obumpofu nokungalingani.

Izinselelo zethu zesakhiwo ziye zenziwa zankulu ezintsha, ezibandakanya ukwehla komnotho emhlabeni wonke, intengo enkulu kagesi kanye neyokudla; kanye nokucekela phansi okubangelwa izinhlekelele zemvelo njengezikhukhula zakamuva.

Isitatimende Senqubomgomo Yesabelomali Sesikhathi Esimaphakathi sonyaka we-2022 sihlose ukubhekana nezidingo zabantu baseNingizimu Afrika kanye nokuqinisekisa ukusimama nokuchuma kwekusasa lethu.

Sihlinzekela ukusetshenziswa kwezimaali kuze kuqhutshekwe nokwakha kabusha izimpilo kanye nengqalasizinda kulandela umonakalo omkhulu wezikhukhula ekuqaleni kwalo nyaka.

Sibuyisela amandla ezimali futhi sakha kabusha indawo yezimali, ngaphandle kwesizinda somnotho esingesihle.

Sithuthukisa ikhwalithi yezinsizakalo zomphakathi njengezeMfundo kanye Nezempilo.

Siphinde sibeke eqhulwini ukuphepha nokuvikeleka kwabantu bakithi futhi sitshala ekukhuleni kwesikhathi esizayo ngokwandisa uxhasozimali lwengqalasizinda ezibalulekile.

ISIMO SEZOMNOTHO

Somlomo, ake ngibheke isimo somnotho.

Izingozi eziningi esizichazile eNkulumeni Yesabelomali kaFebhuwari 2022 sezenzekile.

Emhlabeni jikelele, lokhu kufaka phakathi: ukwehla kwamandla emali, ukuqinisa izimo zezimali kanye nomthelela oqhubekayo we-COVID-19, okubandakanya imvaelwakhaya eqinile e-China kanye nomthelela wayo kumakethenga okudingeka nokuphakela. Lokhu kwenziwa kwaba kubi kakhulu ngukuqala kwengxabano yeRussia ne-Ukraine.

Ngenxa yalokhu, ukubekiselwa kokukhula komhlaba wonke kwe-IMF konyaka we-2022 kubuyekezwe kehliswa, kusuka kumaphesenti ama-4.4 kwaya kumaphesenti ama-3.2, kanti isilinganiso sonyaka we-2023 kusuka kumaphesenti ama-3.8 kuya kumaphesenti kuma-2.7.

Lokhu kusho ukuthi isimo somhlaba ngeke sikweseke kancane ukukhula kwethu kunalokho ebesikulindele ngesikhathi sesabelomali.

Isimo siqukethe izingozi eziningi, ikakhulukazi ezinciphisa ukukhula komhlaba wonke kanye nokwehla kwamandla emali okuphezulu uma impi yeRussia ne-Ukraine idlondlobala.

Kukhona futhi ithuba lokulinganiswa kwamandla eYurophu okuzoba nomthelela kwintengo yomhlaba yamandla kanye nokuphumayo.

Okunye ukwehla kokukhula komnotho waseShayina kungahle kubambezele isidingo somhlaba wonke futhi kwengeze ingcindezi kumaketanga okuthengwa kwempahla emhlabeni wonke, okuyilapho ukuqiniswa kwenqubomgomo yezimalikungahle kubambezele okunye ukukhiqiza komhlaba wonke.

Lezi izingozi ezibalulekile kwisimo somhlaba.

Kule ngqikithi, iminoto emincane evulekile efana neyethu idinga ukucophelela kakhulu futhi ibe nemikhawulo eqinile yezezimali ukuze imelane nesimo esingesihle esizayo.

Ngaphakathi, isivinini esiqinile sokusimama komnotho ngasekuqaleni konyaka we-2022 saphazanyiswa yizikhukhula ezindaweni ezihlukahlukene zezwe, ikakhulukazi KwaZulu-Natali kanye naseMpumalanga Kapa; ukusebenza kwezimboni emikhakheni ebalulekile, kanye nokunqanyulwa kukagesi okusabalele.

Manje silindele ukukhula kwe-GDP kwangempela ngamaphesenti ayi-1.9 ngo-2022, uma kuqhathaniswa nesilinganiso

amaphesenti ayi-2.1 ngoFebhuwari.

Eminyakeni emi-3 ezayo, umnotho ulindeleke ukuba ukhule ngesilinganiso samaphesenti ayi-1.6.

Leli zinga lokukhula liphansi kakhulu ukuze lingasekela izinjongo zethu zentuthuko. Ngokunjalo, kufanele sithathe izinyathelo zokubeka umnotho wethu ethubeni lokukhula okuphezulu.

Ukukhulisa umnotho obandakanya

Indlela yethu yokukhula isekelwe ohlakeni lomnotho omkhulu olucacile nosimeme, oluhambisana nokuqaliswa kwezinguquko zesakhiwo ukuze kuthuthukiswe ukuncintisana, kusetshenziswe inqubomgomo yezimboni ukuze kukhuliswe ukukhiqiza kanye nezinyathelo zokuqinisa amandla ombuso.

Izici ezibalulekile zohlaka lwethu lwezomnotho omkhulu izinga lokushintshisana ezimakethe elizinzile neliguquguqukayo, ukwehla kwamandla emali okuphansi nokuzinzile, kanye nenqubomgomo yezimali esimeme.

Kusukela ngeSabelozimali ngoNhlolanja, siye sakusheshisa ukuqaliswa kwezinguquko zesakhiwo ukuze kubhekwane nezingqinamba ezibophezelayo ngokukhula komnotho kanye nokusekelwa kokutshalwa kwezimali nokudalwa kwamathuba emisebenzi.

Somlomo, ukuqina kokucinywa kukagesi kunomthelela omubi emnothweni wethu. Ngakho-ke sigxilise imizamo yethu ezinguqukweni emkhakheni kagesi.

Izinguquko ezimbalwa zenqubomgomo nezokulawula okuhloswe ngazo ukudala imakethe yamandla efanele, nazo ziyaqhubeka.

Lokhu kubandakanya ukususwa komkhawulo wezimvume zamaphrojekhthi ahalangana nokukhiqiza, lapho amapayipi ekhule afinyelela kumaphrojekhthi ayi-100, amele amandla angaphezu kuka-9000 MW.

UMthethosivivinywa Wokuchibiyela Ukulawulwa Kogesi uphuthuliwe. Uhlinzekela ukusungulwa komshini ozimele wokuthuthwa kukagesi nokuphathwa kohlelo oluzoguqula umkhakha kagesi.

Ukunciphisa ukuthembela kweNingizimu Afrika ohlelweni olulodwa oluzimele kanye nokuvula utshalozimali lwangasese olusha olukhulu emandleni okukhiqiza kuzoba negalelo kakhulu ekuvikelwekeni kwamandla esikhathini eside.

Somlomo, kunesimo esibucayi emkhakheni wethu wezokuthutha.

Ukungasebenzi kahle kwamachweba kanye nezitimela kudla umnotho izigidigidi futhi kuphinde kwedelele imizamo yethu yokukhulisa ukukhula.

Siyakwamukela ukuphela kwesiTeleka sakwa-Transnet futhi sisebenzisana nobuholi bakwa-Transnet kanye nabo bonke ababambiqhaza ukuze kubhekwane nezinsalelo kulo mkhakha ngokushesha.

Izinyathelo ezimbalwa ziyathathwa ukwethula ukuncintisana okukhulu nokusebenza kahle emachwebeni nasezitimeleni.

IsiGungu Sephalamende Likazwelonke siphasise uMthethosivivinywa Wokulawulwa Komnotho Wezokuthutha.

Uzosungula umlawuli wezokuthutha ozimele ukuze kukhuthazwe ukuncintisana okukhulu futhi kuvunyelwe ukufinyeleleka okulawulwayo kuhlelohumano.

Ukwengeza, izicelo zeziphakamiso ezikhishelwe ukufinyelela kwengxenywe yesithathu kuhlelohumano lwezitimela ezithwala impahla kanye nokusebenzisana nomkhakha wangasese we-Durban Pier 2 kanye nesikhulo seziqukathi eNgqura.

Kwezokuxhumana, ukuthengiswa ngendali i-broadband spectrum yntengo ephezulu sekuqediwe. Isinyathelo esilandelayo ukuqedela ukufuka kwedijithali ukuze kudedelwe la mafrikhwensi.

UNgqongqoshe Wezokuxhumana Nobuchwepheshe Bedijithali maduzane nje uzosho usuku olusha lokucishwa kwe-analogu.

Emkhakheni wezamanzi, sesikulungile ukusilela kwezimvume zokusetshenziswa amanzi.

Inqubo yokusungula umlawuli wamanzi ngokusebenzisa uMthethosivivinywa Kazwelonke We-ejensi Yezingqalasizinda Zamanzi nayo isendleleni.

I-ejensi izokwenza ukulawulwa okuyimpumelelo kwengqalasizinda yamanzi amaningi kanye nokwenza lula ukutshalwa kwezimali kwemboni ezimele.

Ukubuyekezwa kohlelo lwe-visa yomsebenzi seluphethiwe ngezincinome zokuheha amakhono kanye nokutshalwa kwezimali.

Malungu ahloniphekile, lezi zinguquko azikona ukuphelela kwe-ajenda yethu yezinguquko.

Kuningi okumele kwenziwe futhi okungenziwa ukukhulula amandla omnotho wethu. Okubalulekile kulokhu isidingo sombuso onokukhona nothuthukayo.

Ukuqinisa amandla ombuso

Somlomo, umbusi onamandla nokukhona uyisimo esidingekayo sokukhula.

Umbuso unomthwalo wokwakha nokugcina isimo esivumela ukukhula nokutshalwa kwezimali, uhlinzeka ngezinsizakalo eziyisisekelo, futhi ukhuthaze ukuhlonishwa komthetho.

Ukwenza lokhu ngempumelelo, umbuso udinga ukusabela ezidingweni zomphakathi, ubeke eqhulwini, ulandelelanise futhi uhlele ukungenelela ngokusebenzisa izikhungo eziphendulayo nezinokukhona.

Utshalomali kwizingqalasizinda ukuze kuvumeleke ukukhula

Ukusebenzisa utshalomali olungaguquki kuyingxenywe ebalulekile yokufeza ukukhula okusimeme nokubandanyayo. Usekela ukuvuselelwa komnotho, ukhulisa amandla omnotho futhi udale namathuba emisebenzi.

Sibone inkontileka yokwakhiwa kwezimali ezimisiwe ngokwesilinganiso ngama-4.4% ngonyaka phakathi kuka-2016 no-2020; kusuka kuzigidigidi ezinga-R796 ngo-2015.

Ukufinyezwa bebubanzi. Ukutshalwa kwezimali ngumkhakha wangasese, okubandakanya cishe izingxenywe ezimbili kwezintathu zesamba sotshalomali olungaguquki, kanye nawumkhakha kahulumeni, kokubili kwehlile.

Sifuna ukubuyisela emuva le mikhuba ngokubhekana nezithiyo ekutshalweni kwezimali.

Emkhakheni ozimele, ukungaqiniseki kwenqubomgomo, izithiyo ekwenzeni umsebenzi kalula kanye nezindleko eziphezulu zokwenza umsebenzi kuvame ukubizwa ngokuthi yizingqinamba ezibalulekile ekutshalweni kwezimali.

Uhlaka lwethu lomnotho omkhulu olucacile noluzinzile, inqubekelaphambili ekuguqulweni kwesakhiwo, kanye nezinsiza ezisekela ukukhula kuzohamba ibanga elide ekususeni izithiyo ekutshalweni kwezimali.

Zizophinde sikhulise ukuzethemba futhi sidale isimo esivumela umkhakha wangasese ukuthi utshale izimali.

Maqondana nokutshalwa kwezimali komkhakha kahulumeni, aMabhizinisi Ombuso anendima ebalulekile okufanele ayidlale ekuhlinzekweni kwezimpahla nezinsizakalo ezibalulekile emnothweni.

Ukubhekana nezinkinga eziseceleni kokuhlinzekwa kwezidingo ikakhulukazi emikhakheni yezamandla nezokuthutha kubalulekile ukuze kusekelwe ukukhula komnotho okukhulu nokusimeme.

Kuhulumeni jikelele, sikhuphula isabelomali sezingqalasizinda ekwabiweni ukuze silungise ukuguguleka kwezisekelo.

Esikhathini esimaphakathi, ukusetshenziswa kwezimali ezididiyelwe nguhulumeni ekwakheni izingqalasizinda ezintsha kanye nokuvuselela izingqalasizinda ezikhona kuzokhuphuka kusuka ezigidigidini ezingama-R66.7 ngowezi-2022/23 kuye kuzigidigidi ezingama-R112.5 ngowezi-2025/26. Lokhu kubandakanya imigwaqo, amabhuloho, izinhlelo zamanzi emvula kanye nezakhiwo zomphakathi.

Lokhu kwenza ukusetshenziswa kwezimali ezimpahleni ezinkulu kube yinto ekhula ngokushesha

ngokwezigaba zezomnotho.

Ngokwethula ukutshalwa kwezimali komkhakha kahulumeni, sizogcwalis lomkhakha ozimele, sithuthukise ukuhlinzekwa kwemisebenzi kahulumeni futhi sibhekane nokusilela; ngaleyo ndlela, kuvuswe umjikelezo omuhle wokutshalwa kwezimali okukhulu, wokukhula kanye namathuba omsebenzi angakhona.

Sizibophezele futhi ekwenzeni ngcono amandla ombuso, ukuhlela nokulungiselela amaphrojekhthi, izinqubo zokuthengwa kwempahla, kanye nokuphathwa kwezinkontileka.

Lokhu kuzobhekana nokusetshenziswa kancane kwezimali okungapheli kwesabelozimali esabiwe sezingqalasizinda, kuthuthukise ukubaluleka kwemali kanye nempumelelo yokutshalwa kwezimali kwethu.

Ukunciphisa ukuguquguquka kwezimo zezulu

Somlomo, ukuguquguquka kwezimo zezulu kubumba kabusha umhlaba osizungezile, kubandakanya nesimo sethu somnotho.

Kubeka engcupheni abantu bakithi, izingqalasizinda, imvelo kanye nokukhiqizwa okubandakanya izimpahla ezibalulekile ezifana nokudla.

Ukusabela komhlaba wonke ezimweni zezulu kumele kuhleleke.

Okwethu, siphothula izingxoxo ngezibophezelo zeQembu Lozakwethu Bamazwe Ngamazwe Zezinguquko Zamandla Nje.

Ukwengeza, uhlelo lokutshalwa kwezimali olusekela uguquko lwethu lwamandla kagesi lusanda kugunyazwa yiKhabhinethi.

Sizothatha zonke izinyathelo ezidingekayo ukuze siqinisekise ukuthi inguquko yethu ingelungile.

ISIMO SEZIMALI ZIKAHULUMENI

Somlomo, uma izimali zikahulumeni zigcwele izikweletu kuba nzima kakhulu ukuhlangabezana nezinhloso zethu zentuthuko.

Cishe iminyaka eyi-15, uhulumeni waseNingizimu Afrika ubelokhu ethula ukushoda okukhulu.

Ngenxa yalokhu, isikweletu sikahulumeni kulindeleke ukuthi sibe ngaphezu kwezigidintathu ezingama-R4.7 kulo nyaka wezimali, uma kuqhathaniswa nezigidigidi ezingama-R627 ngonyaka we-2008/09.

Lesi sikweletu singena ezindlekweni zokukhokhela izikweletu ezingaba izigidigidi ezingama-R355.2 ngonyaka phezu kohlaka lwezindleko zesikhathi esimaphakathi.

Njengoba sekushiwo, umnotho womhlaba wonke uyancipha, ukwehla kwamandla emali kuyanda, nezimakethe zezimali ziya zintengantenga.

Umphumela uba ukuthi izindleko zokukhokhela izikweletu zilinganiselwa kuzidigidi ezingama-R5.9 ngo-2022/23 kunalokho esasikucabanga ngesikhathi sesabelomali sikaFebhuwari.

Ngaphezu kwalokho, ithuba lokulungiswa kwentengo enkulu ezimakethe zezimali liyingozi enkulu. Lokhu kuzothinta izimali ezingenayo ukuya phambili.

Kungalesi sizathu ukuthi isu lesikhathi esimaphakathi lidinga ukugcina indlela enobuhlakani yenqubomgomo yezimali.

Kudingeka sehlise umthwalo wethu wezikweletu kanye nezindleko zokukhokhela izikweletu ngokunciphisa ukushoda kwethu konyaka. Lokhu kuzosimamisa izimali zomphakathi futhi kunciphise ubungozi bezimali.

Malungu Ahloniphekile, senenqubekela phambili mayelana nalokhu. Ukushoda kwezimali okuhlanganisiwe kwamaphesenti ama-4.9 e-GDP kulindeleke ukuthi kuqhubeke ngo-2022/23.

Lokhu kuzokwehla kufinyelele kumaphesenti ama-3.2 e-GDP ngo-2025/26. Imali eyinsalela eyisisekelo engama-0.7% e-GDP izotholakala ngo-2023/24. Lokhu sekusele unyaka owodwa ngaphambi kwalokho obekulindelwe ku-MTBPS ka-2021.

Manje silindele futhi ukuthi isamba sesikweletu sikhulumeni sizinze kumaphesenti angama-71.4 e-GDP ngowezi-2022/23 - eminyakeni emibili ngaphambili, futhi sibe sezingeni eliphansi, kunalokho okwakubikezelwe ekuBuyekezweni Kwesabelomali sowe-2022.

Phakathi kokunye, lokhu kusho ukuthi siphakamisa ukuthi kungabi bikho ukuncishiswa kwesabelomali okuzosetshenziswa kwiSabelomali sowe-2023. Eqinisweni, ukusetshenziswa kwezimali kukahulumeni okudidiyelwe kuzodlula izigidintathu ezingama-R2.2 kulo nyaka futhi kuzokhuphuka kufinyelele ku-R2.5 ngowe-2025/26.

Uma siphendukela emalini engenayo, kusukela kwiSabelomali sowe-2022, ukuqoqwa kwezimali ezingenayo kudlule izilinganiso, futhi isilinganiso sesamba sezimali ezingenayo zentela kowe-2022/23 sesibuyekeziwe, ngezigidigidi ezingama-R83.5, safinyelela kuzigidigidi ezingama-R1.68.

Isilinganiso esiphezulu sibangelwa kakhulu ukuthuthuka kokuqoqwa kwentela yemalingeniso yamabhizinisi, nokwamukela okuqinile okuvela emkhakheni wezezimali nowokukhiqiza.

Izilinganiso zokuqoqwa kwezimali ezingenayo ezingcono kunalokho obekulindelekile, okubandakanya nesikhathi esimaphakathi, zivumele uhulumeni ukuba anciphise ukushoda futhi anciphise ubungozi obuqhubekayo nobusha.

Ngokulinganayo, zisivumela ukuthi sibuyisele kancane kancane isabelomali esiyisisekelo seminyango ebalulekile ekuthulweni kwezinsizakalo, ngaphandle kokwenza izibopho ezingapheli ezingakhoneki.

Ingxenye yemali engenayo enkulu kunaleyo ebelindelwe izosetshenziswa ngale ndlela elandelayo:

- Ukunciphisa okushodayo kulo nyakazimali kanye naangesikhathi se-MTEF;

2022 IsiTitimende Senqubomgomo Yesabelozimali

- Ukwengeza kumaphrojekthi ezingqalasizinda kanye nezinsizakalo zomphakathi ezibalulekile njengezemfundo, ezempilo, kanye namaphoyisa;
- Ukubhekana nobungozi bezezimali zezwe obuhlonzwe ngaphambilini ngoFebhuwari. Lokhu kubandakanya izindleko zokukhokhwa kwezikweletu ezingaphezu kwalokho ebezilindelwe, umthethosivivinywa wamaholo wezisebenzi zikahulumeni, kanye nokuvela kwezingozi zezimali kwezinye izinkampani zikahulumeni.

Uma kwenzeka noma yiziphi izingozi zezimali, lokhu kungahle kube nomthelela omubi esimweni sezimali kanye nasemzamweni kahulumeni wokuzinzisa izimali zomphakathi.

Ukulungiswa kwezindleko zaphakathi konyaka

Somlomo, sabele ukwengezwa kwesamba sezigidigidi ezingama-R13 ekulungiseni ukusetshenziswa kwemali kunyakazimali wezi-2022/23 kuMthethosivivinywa Wokwabiwa Kwezichibiyelo.

Ukulungiswa okukhulu kunakho konke — izigidigidi ezingama-R6.3, noma amaphesenti angama-49 esamba abelwe ukusiza ezinhlekeleleni, ikakhulukazi izikhukhula zango-April ezingxenyeni ezimbalwa zezwe.

Okunye ukulungiswa eKwabelweni Ukulungisa kubandakanya:

- Izigidigidi ezingama-R389 zamabhuloho asemaphandleni angama-24 ngohlelo lweWelisizwe Rural Bridges;
- Izigidigidi ezingama-R500 ziphinde zabekelwa eceleni ukuze kuqaliswe iphrojekthi yokwenziwa idijithali yoMnyango Wezasekhaya, ezoqasha abantu abasha abayizi-10 000 eminyakeni emithathu.
- Izigidigidi ezingama-R118 zizobhekana nezindleko zokufuduka kwesikhashana kanye nokulungiselela ukwakhiwa kabusha kwePhalamende.

Malungu ahloniphekile, kulo nyakazimali, bekulokhu kuqhubeka izingxoxo zamaholo eMkhandlwini Wokuxoxisana Nokuhlela Wabasebenzi Bakahulumeni. Mhla zi-30 Agasti 2022 uhulumeni wenza umnikelo wokugcina esiphuma ohlelweni lokusiza. Lo mnikelo ubandakanya okulandelayo:

- Ukuqhutshwa kwesibonelelo semali esingadonselwa impesheni kulo nyakazimali. Lokhu kusho isilinganiso sama-R1 000 umsebenzi ngamunye ngenyanga kuze kube uMashi 2023.
- Ukukhushulwa komholo odonselwa impesheni ngama-3% kubasebenzi bakahulumeni.

Somlomo, lesi siphakamiso esisetifuleni sizuzisa kakhulu abasebenzi bezezimali kanye nabasebenzi bakahulumeni. Ukusisebenzisa akudeleli uhlelo lokuxoxisana ngokuhlanganyela. Sikholelwa ukuthi uhlelo lokugqugquzela lusize wonke amaqembu ukuthi afinyelele kuleli zinga. Ngakho-ke, izilinganiso zokusetshenziswa kwemali esizethula namuhla zibandakanya leli nani lemali.

Lesi siphakamiso sizosetshenziswa ngohlelo lokukhokha amaholo, futshi sihlehliselwe ku-Ephreli 2022.

Uhlaka lwezindleko.

2022 IsiTitimende Senqubomgomo Yesabelozimali

Malungu ahloniphekile, isabelozimali sethu kule minyaka emithathu ezayo sigxile ekubuyiseleni ukuhlinzekwa kwezidingongqangi kanye nokubeka isisekelo sokukhula okukhulu.

Izinguquko zesikhathi esimaphakathi ezinhlweni zokusebenzisa imali ziqhutshwa ikakhulukazi isinqumo sikahulumeni sokwelula isibonelelo esikhethekile se-COVID-19 Sokusiza Umphakathi ngonyaka owodwa, kuze kube umhla zi-31 Mashi 2024.

Uhlaka lwezezimali lubandakanya nokuxhaswa ngezimali kwezindleko zokuqhubeka nokukhushulwa kwamaholo abasebenzi bakahulumeni ngowe-2022/23, futhi nokuphepha nokuvikeleka, ukutshalwa kwezimali kwizingqalasizinda kanye nokwethulwa kwezinsiza.

Uxhaso lwe-SRD lwethulwa ngoMeyi 2020 njengesinyathelo sesikhashana sokubhekana nezidingo zabasengozini enkulu abathintwa yizinyathelo imvaelwandlini. Selwelulwe izikhathi ezingana kusukela ngaleso sikhathi.

Izingxoxo ngekusasa lesibonelelo zisaqhubeka futhi zibandakanya ukuhwebelana okunzima kanye nezinqumo zokuthola imali.

Ngaphandle kokuhlinzekwa okwenziwe kulesi sabelozimali, ngifuna ukugcizelela ukuthi nanoma yikuphi ukwelulwa okungunomphela noma ukushintshwa kuzodinga ukukhushulwa okungunomphela kwemali engenayo, ukuncishiswa kokusetshenziswa kwemali kwenye indawo, noma inhlanganisela yakho kokubili.

Somlomo, yilokhu okushiwoyo ngokuhwebelana: ukulinganisa isidingo sokubhekana nokubalulekile kunokunye.

Sekukonke, ukusetshenziswa kwemali okuhlanganisiwe kukahulumeni kulindeleke ukuthi kwenyuke kusuka kuzigidintathu ezingama-R2.21 ngowe-2022/23 kuye kuzigidintathu ezingama-R2.48 ngowe-2025/26 ngesilinganiso sokukhula kwezinga ngamaphesenti ama-4.

Amaholo omphakathi, afinyelela kuzigidintathu ezingama-R3.56 kule minyaka emithathu ezayo, noma amaphesenti angama-59.2 okusetshenziswa kwemali okuhlangene okungena nzalo, azothatha ingxenye enkulu yesabelomali ukusekela imindeni empofu kanye nalabo abasengozini enkulu emphakathini wethu.

Isabelo esikhulu kunazo zonke siqondiswe emikhakheni yezemfundo, yezempilo kanye neyokuthuthukiswa komphakathi.

Ngaphezu kwalokho, kule minyaka emithathu ezayo, ukwenyuswa kwezindleko kuzobekwa eqhulwini ukuze kuthuthukiswe ukutshalwa kwezimali kwizingqalasizinda kanye nokuthuthukisa isabelozimali sokuphepha, sokuvikela kanye nokulwa nenkohlakalo.

Sekukonke, ukusetshenziswa kwezimali okuhlangisiwe kukahulumeni kuzokhuphuka, kusuka ezigidigidini ezingama-R95.1 ngowe-2022/23 kuye kuzigidigidi ezingama-R145.4 ngowe-2025/26. Lokhu akubandakanyi ukusetshenziswa kwemali emabhizinisini Ombuso.

Sisebenzisana eduze naBaphathi Bephalamende ukuze sibuyisele futhi sakhe kabusha iPhalamende lethu. Ohlakeni lwezindleko zesikhathi esimaphakathi, senze isibonelelo semali elinganiselwa ezigidigidini ezingama-R2 ukuze kwakhiwe kabusha iPhalamende lethu.

Ukwahlukaniswa Kwemali Engenayo kanye Nezinguqoko Zoxhasomali Kuhulumeni Wasekhaya

Somlomo, ngonyaka ozayo, sizosebenzisana nezifundazwe kanye nomasipala ukwenza inqubekelaphambili ebonakalayo ekufezeni izinhloso zethu zentuthuko.

Omasipala bakha izimo zokuphila zabantu bakithi. Baqinisekisa ukuthi abantu bathola amanzi okuphuza ahlanzekile, amandla, izindlu kanye nezindlu zangasese.

Nokho omasipala abaningana abasebenzi kahle, babhekene nenkinga yezezimali noma yobuholi, ebonakala ngokungakwazi ukwethula izinsizakalo.

Kulandela ukubuyekezwa kokuxilonga kohlelo lokwakhiwa kwamandla kohulumeni basekhaya, uMgcinimafa Kazwelonke uxhumanisa nababambiqhaza ababalulekile ababandakanya uMnyango Wezokuphtha Ngokubambisana,

i-SALGA kanye nezifundazwe ekwakhiweni kwezinhlelo zokwakhiwa zokuhlomiswa ukuze kube nendlela ebandakanya kangcono futhi egxile emiphumeleni.

Kule minyaka emithathu ezayo, siphakamisa ukwaba amaphesenti angama-48.4 ezindleko ezikhona ezingena nzalo eminyangweni kazwelonke, amaphesenti angama-41.4 ezifundazweni kanye namaphesenti ayi-10.1 kohulumeni basekhaya.

Lokhu kuzovumela izifundazwe ukuthi zisekele imfundo eyisisekelo nezinsizakalo zezempilo, ukuhlaliswa, ukuthuthukiswa komphakathi, kanye nezolimo.

Siphinde futhi sabe ezinye izimali sabele uhulumeni wasekhaya ukuze asekele ukwethulwa kwezidingongqangi zamahhala emindenini empofu, uma kubhekwa izindleko ezikhulayo zezinhlosongqangi zamahhala, kanye nokukhuphuka kwezindleko zikagesi kanye namanzi.

Ukubuyekezwa Kwesabelozimali sowe-2023 kuzongeza imininingwano ngale mizamo.

Ukubhekana Nezingozi Ezivela Kumabhizinisi Ombuso

Somlomo, ezinye zezinkampani zethu zombuso zimele izingxenye ezibalulekile zezomnotho, ikakhulukazi kwezokuthutha, ezobunjiniyela kanye nezamandla.

Lezi zinkampani zifanele zikwazi ukuzimela futhi zifanele zibe negalelo ekukhuliseni umnotho.

Ngeshwa, sibhekene nesimo lapho ubuthakathaka bezezimali obadalwa eminyakeni edlule ubuholi obubi nenkohlakalo kusadingeka ukuthi kuxazululwe.

Ngaphezu kwalokho, lapho izehlakalo ezingagwemeki njengezikhukhula zakamuva zicekela phansi izingqalasizinda nempahla, lokho kubeka wonke umnotho engozini.

Okwamanje, uhleloxhumano lwemigwaqo lufanele lusebenze, amachweba afanele asebenze futhi amaphrojekhthi obuchwepheshe abalulekile angeke amiswe.

Ngakho-ke, njengoba izitatimende zezimali ezibika izimpahla zenkampani, izikweletu, nokulingana kwabaninimasheya zavuselelwa futhi labo abatapayo futhi abaphathanga ngendlela

engafanele babekwa icala, kubandakanya nohlelo lwezobulungiswa bobugebengu, akukho esingakwenza ngaphandle kokuthatha isinyathelo ukuze sigcine lezi zinsizakalo ezibalulekile zisebenza.

Siphakamisa ukusebenzisa imali engenayo enkulu kunaleyo ebilindelwe kulo nyaka ukuze sehliswe ubungozi obuvela kuma-SOE athile.

Lezi zinsiza azikwazi ukusetshenziselwa ukuxhasa ukukhushulwa kwesisekelo njengoba zikanye. Ukuzisebenzisa ngale ndlela nakho ngeke futhi kwandise ukushoda kwezimali uma kuqhathaniswa nezinhlalo zethu ezikhona zesikhathi esimaphakathi.

Ukwesekwa ngezimali kwama-SOE kuyawabona amandla awo okufaka isandla emathembeni ethu okukhula kwesikhathi eside.

Ngakho-ke sethula uMthethosivivinywa Wokwabiwa Okukhethekile ukuze kuhlinzekwe ngezinye izimali i-Denel, i-Transnet kanye ne-SANRAL. Lezi zabelo zizovumela lezi zihlaka ukuthi zilungise amamodeli azo ebhizinisi futhi zivuselele ukusebenza kwazo ngokwezimali kwesikhathi eside.

Ukwesekwa ngezimali kwezinkampanini zombuso kusalokhu kuyinselelo yokulinganisa uma kubhekwa izinto eziningi ezibalulekile eziqhudelanayo kanye nezinsizakusebenza ezilinganiselwe. Uxhasomali lwama-SOE manje luzoza nemibandela eqinile yangaphambi nangemuva. Imibandela yangaphambili isho ukuthi ama-SOE kuzodingeka athobele le mibandela ngaphambi kokuba athole ukwesekwa nguhulumeni, hhayi ngemuva kwalokho.

Ukungathobeli imibandela, kusho ukungabi noxhasomali.

Abakwa-Transnet babelwe izigidigidi ezingama-R2.9 ukuze baqinisekise ukubuyiswa kwezitimela ezingasebenzi. Lokhu kuzokwengezwa ngezigidigidi ezingama-R2.9 kusukela ekulungisweni kwezindleko zonyaka ukuze kubhekwane nomonakalo wezikhukhula ophazamise ukusebenza kweTheku.

I-Denel yabelwe izigidigidi ezingama-R3.4 ukusekela inqubekelaphambili yakamuva eyenziwe yokunzinzisa inkampane.

Lesi sabelo sizokwengezwa ngezigidigidi ezingama-R1.8 ngokudayiswa kwezimpahla ezingabalulekile futhi sizovula incwadi yama-oda okuzibophezela yezigidigidi ezingama-R12 ezisalinde ukwenziwa.

I-SANRAL

Malungu ahloniphekile, ukungaqiniseki okuphathelene nePhrojekthi Yokuthuthukiswa Komgwaqo Onguthelawayeka waseGauteng kusaqhubeka nokuba nomthelela omubi kakhulu ekwakhiweni komgwaqo ezweni.

Kudingeka sisukele ezingxoxweni zeminyaka edlule futhi sithole izisombululo zale nselelo.

Ukuze kuxazululwe inkinga yoxhaso, uhulumeni wesifundazwe saseGauteng uvumile ukufaka

isandla ngamaphesenti angama-30 ekukhokheleni izikweletu ze-SANRAL kanye nezibopho zenzalo, ngenkathi uhulumeni kazwelonke ekhokha amaphesenti angama-70.

I-Gauteng izophinde ibhekane nezindleko zokugcina amakhilomitha angama-201 ezixhumano migwqo kanye nanoma ikuphi okunye ukutshalwa kwezimali emgwaqeni kuzoxhaswa ngezingqalasizinda ezikhona zama zamathogethi e-elekhtronikhi, nanoma yimuphi omunye umthombo wemali engenayo ngaphakathi kwendawo yokusebenza.

Uhulumeni uhlongoza ukuthi kwabiwe isamba sokuqala sezigidigidi ezingama-R23.7 esikhwameni sezimali sikazwelonke, esizokhishwa ngaphansi kwemibandela eqinile.

I-ESKOM

Ukuphendukela ku-Eskom. Okungenani iminyaka eyishumi, sisebenzise izigidigidi zamarandi sisekela u-Eskom, nokuthuthukiswa okulinganiselwe ekuthembekeni kokuphakelwa kukagesi noma kwempilo yezezimali yenkampani.

Ukuqinisekisa ukusebenza kahle kwezimali kwe-Eskom, uhulumeni uzothatha ingxenye enkulu yesikweletu sezigidigidi ezingama-R400 wale nkampani.

Ngenkathi kusazokhethwa amathuluzi ezikweletu afanelekile kanye nendlela yokunxephezela, ukungenelela kulindeleke ukuthi ukuba kube phakathi kokukodwa kokuthathu kanye nokubili kokuthathu kwesikweletu samanje se-Eskom.

Ukuthathwa kwezikweletu, uma sekuqediwe, kanye nezinye izinguquko kuzoqinisekisa ukuthi u-Eskom uzinzile ngokwezimali.

Lolu hlelo luzovumela u-Eskom ukuthi agxile ekusebenzeni kwamapulanti kanye nasekutshalweni kwezimali futhi nasekuqinisekiseni ukuthi ayisanciki ekutakuleni nguhulumeni.

Okubalulekile, uhlelo luzobandakanya imibandela eqinile edingekayo ka-Eskom nabanye ababambiqhaza ngaphambili nangesikhathi sokudlulisa isikweletu.

Lezi zimo zizobhekana nezinsalelo zesakhiwo zakwa-Eskom ngokuphatha izindleko zayo, ukubhekana nezikweletu ezisilele zikamasipala nezemindeni ngenxa yensiza, kanye nokuhlinzeka ukucaca okukhulu kanye nobusobala emananini entengo.

Ukwengeza, izimo zizokwaziswa ukubuyezwa okuzimele okuholwa nguMgcinimafa ngokusebenza kwe-Eskom, ikakhulukazi ukusebenza kwamathuluzi ayo ekhiqizayo.

Eminye imininingwane yohlelo izophothulwa kulandela ukubonisana nabo bonke ababambiqhaza abafanelekile nababolekisi futhi izomenyezela kuSabelozimali sonyaka wesi-2023.

Ukwenza inqubo yokuthenga kube eyesimanje

Somlomo, sisebenzela ukuqinisa uhlelo lwethu lokuthenga nohelo lokubika ngezimali.

Siyaphinda futhi samukela izindlela ezingcono kakhulu zokuthengwa kwezinsizo, kubandakanya namazinga amakhulu obusobala ezinqutshweni zamathenda.

Ukwenziwa kwesimanjemanje ukukubekabeka kalulula futhi nokusheshisa inqubo yamaprojekhthi ezingqalasizinda zomphakathi, ngenkathi kuncishiwsa izinga lokutapa nenkohlakalo.

Sicabanga izinguquko ezimbili ekuphatheni ukuthengwa kwempahla:

- Silindele ukwethula uMthethosivivinywa Wokuthengwa Kwempahla Yomphakathi - ozothuthukisa ubusobala, ubuqotho futhi ukhuthaze ukusetshenziswa ubuchwepheshe ukuze kube nempumelelo kanye nokusebenza kangcono emphakathini - ePhalamende ngoNdasa wezi-2023.
- IZimiso ezintsha Zokutholwa Kwempahla zangowe-2022, ezithatha indawo yeMizimiso njengamanja izithatha izimiso zowezi-2017 manje, zizomenyezelwa ngoNovemba 2022 ukuze ziqale ukusebenza kusukela mhla zi-16 kuJanuwari 2023. Izimiso zihlomisela izinhlaka zombuso ngamandla okunquma izinqubomgomo ezithandayo ngaphakathi koMthetho Wenqubomgomo Yokuthenga Okuthandwayo.

Ukulwa nobugebengu nenkohlakalo

Ngasekuqaleni kwaleli sonto, uMongameli Ramaphosa umemezele ukuphendula kukaHulumeni kuzincomo zeKhomishana Yophenyo Ngokuthweshulwa Kombuso.

Wabophezela uhulumeni “esahlukweni esisha emzabalazweni wethu wokulwa nenkohlakalo, ukuqhubekisela phambili ukuvuselelwa komphakathi wethu.

Ubalule isidingo sokuthi umbuso “uziphathe kahle futhi ungabi nenkohlakalo njengoba unakekela izidingo nezimfuno zabantu.”

Njengoba kuphawulwe yiKhomishana, ukuze sikwazi ukwethula izinsiza kusifanele sivikele izikhulu neziphathimandla ezithembekile ezithatha izinqumo ngokwethembeka ekushushisweni kobugebengu nasekumangaleleni komphakathi.

Mayelana nalokhu, sizoqinisa izinhlelo zokucwaningomabhuku kanye nezivimbelo, ukuze abaphathi bakwazi ukuphatha, ngenkathi sibeka izindlela zokubenza baziphendulele.

IKhomishana Yophenyo Ngokuthweshulwa Kombuso yenza izincomo ezihloselwe ukuqinisa izikhungo, ukubusa kanye nezindlela zokuziphendulela.

Njengoba sekwenziwe nge-Bain, sizoqhubeka nokuthatha izinyathelo zokuphatha eziyisijeziso ezinkampanini nakubantu abagqugquzele izenzo zenkohlakalo nokwenziwayo kokuthenga okungafanele.

Somlomo, ubugebengu yinkinga yezokuphepha, yezomnotho kanjalo neyomphakathi. Indawo ephephile ibalulekile ekubambeni iqhaza okuphelele kwezomnotho nezenhlalo. Lokhu kwenza

2022 IsiTatimende Senqubomgomo Yesabelozimali
ukulwa nobugebengu kube yinsika esemqoka yokuthuthukisa ukukhula komnotho.

Abantu abaningi baseNingizimu Afrika bahlala ngokwesaba emakhaya abo, ezindaweni zabo zokusebenza nasezindaweni zokungcebeleka.

Ukusabela, sabela izinsiza ezengeziwe embuthweni wethu wezokuphepha ukuze sise impi kulabo abasongela ukuthula kwethu njengesizwe.

Sizokweseka amaphoyisa ukuthi aqashe abanye o-constable abayizi-15 000 kule minyaka emi-3 ezayo.

Ukugwema ukufakwa ohlwini lokwaliwa ngumbutho osebenza ngezezimali

Malungu Ahloniphekile, senza konke okudingekayo ukuvimbela ukufakwa ohlwini lokwaliwa yiQembu Elisebenza Ngezezimali; umgwamanda wamazwe ngamazwe wokubeka izinga obheka ukuthotshelwa kwemithetho yomhlaba wonke ngokumelene nokushushumbiswa kwemali.

Kumanje sesethule imithethosivivinywa emibili ePhalamende, okuhloswe ngayo ukubhekana nobuthakathaka ohlakeni lwethu lwemithetho.

Le Mithethosivivinyo kulindeleke ukuthi yenziwe umthetho ekupheleni kwalo nyaka.

Lesi kuzoba yisinyathelo esibalulekile ekuhlangabezaneni nezincwadi ezingama-40 ezenziwe yiQembu Lokusebenza Kwezezimali.

Kudingeka futhi ukuthi sisebenzise imithetho emelene nokushushumbiswa kwemali nenkohlakalo ngendlela ephumelela kakhudlwana.

Ukutshala imali ekwakheni amandla ezikhungo zethu zokulawula nokuphoqelela sekuvele kuthela imiphumela emihle. Lokhu kubandakanya:

- UPhiko Oluphenya Amacala Lwesiphathimandla Sikazwelonke Sezoshushiso selubhalise amacala angama-26, lwamemezela ukuthi kunamacala angama-89 kanti abasolwa abayi-165 bavele enkantolo ngamacala ahlobene nokuthweshulwa kombuso.
- Uphiko Lokudliwa Kwempahla lumise noma lunikeze imiyalo yokugcinwa kwempahla efika kuzigidigidi ezingama-R12.9, futhi labuyisela isamba sezigidigidi ezibgama-R2.9 ezinhlanganweni ezithintekile;
- I-SIU ivule amacala amane eNkantolo Ephakeme maqondana nezinkontileka ezibiza izigidigidi ezingama-R62.1; futhi
- Uphenyo lwakwa-SARS oluvela kokutholwe iKhomishana kanye nobufakazi kuholele ekuqoqweni kwentela eyizigidigidi ezingama-R4.8 kwintela engakhokhiwe. Njengamanje abakwa-SARS babambe iqhaza kumaphrojekhthi ayi-18 abandakanya amacala angama-

222. Ayi-11 kulawo macala ayizincomo ezicacile okufanele zilandelwe ngabakwa-SARS kanti ayi-8 asephothuliwe kanti amanye asaphenywa.

Le MTBPS yowezi-2022 ihlongozaezinye izinsiza kwisabelomali soPhiko Lwezoshushiso Lukazwelonke, uPhiko Lophenyo Olukhethekile, isiKhungo Sobunhloli Bezezimali kanye Nophiko Lwezentela LwaseNingizimu Afrika, ukuze kuthuthukiswe amandla ombuso okuphenya kanye nokushushisa ubugebengu obubucayi bezezimali.

Ukwengeza, uHulumeni uzophinde ashicilele isu elibuyekeziwe lokuhlola ubungozi kuzwelonke mayelana nokulwa nokushushumbiswa kwemali kanye nokuxhasa ngezimali amaphekula.

ISIPHETHO

Somlomo, angiphethe ngokuphindaphinda engikushilo ekuqaleni: izinhloso zethu zentando yeningi zizonikezwa impilo futhi ziqiniseke umnotho okhulayo nobandakanya wonke umuntu.

Asikwazi ukubushaya indiva ubudlelwano phakathi kwentando yeningi nomnotho, kanye nobudlelwano obuphakathi kwezombusazwe nokungalingani.

Sinenhlanhla yokuba nohlaka lwezomthetho nenqubomgomo, olusekelwa inhlosombono yezombusazwe, olusivumela ukuthi siguqule izimo zomnotho zabantu bakithi futhi sifeze isithembiso sentando yeningi.

Le MTBPS isikhumbuza ngesidingo esiphuthumayo sokuphishekela uguquko lomnotho wethu ngendlela engaguquki, sinenkululeko yabantu bakithi engqondweni.

Akufanele sithathe kancane ukuxhumana owayenguMongameli Wangaphambili u-Nelson Mandela kanye nabanye abaholi abaningi abalandela emuva kwakhe, abadonsa phakathi komnotho othuthukayo, kanye nomphakathi onobulungiswa nongenzeleli. Lolu chungechunge olubalulekile olusebenza kuMthethosisekelo wethu kanye nalesi Sitatimende Senqubomgomo Yesabelomali Sesikhathi Esimaphakathi. Sifanele sibheke le nhloso kanye nesenzo sokulinganisa isiphakathi kwaso njengoba senza umsebenzi wethu.

Somlomo, ngibonga uMongameli nePhini likaMongameli ngokungesekela kanye nangobuholi. Ngibonga iPhini likaNgqongqoshe Wezezimali, kanye nethimba loMgcinimafa Kazwelonke, eliholwa yiBamba likaMqondisi-Jikelele.

Ngibonga kakhulu kwiKhomishana Yophiko Lwezentela laseNingizimu Afrika, kanye noMbusi Webhangengodla laseNingizimu Afrika.

Angiphinde ngibonge ozakwethu eKomidini loNgqongqoshe ngeSabelozimali futhi ngibonge noMkhandlui Wesabelozimali abahlanganyele emthwaleni wezinqumo ezinzima okufanele zithathwe. Ngokufanayo, amaKomidi ePhalamende Ezezimali Nokwabiwa Kwezimali, ngizwakalisa ukubonga kwami okukhulu.

Okokugcina, ngibonga wonke umuntu waseNingizimu Afrika. Sisebenza

ngelungelo lenu. Ngiyabonga.